

UNKULUNKULU OTHETHELELAYO

Isono nokufa

Noma ingayiphi indlela sonke sizobhekana neqiniso lesono nobuhlungu. Lokhu kungenxa yokuthi “bonke bonile”. Isono ilapho uma wena, noma omunye umuntu, enza utho oluphambene nendalo kaNkulunkulu okhazimulayo kanye nemiyalo Yakhe.

Ngokuba bonke bonile futhi basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu (KwabaseRoma 3:23)

Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa (KwabaseRoma 6:23)

Siyona uma singamuthandi uNkulunkulu ngendlela ekufanele simuthande ngayo nalapho singathandi omunye nomunye ngendlela ekufanele sithandane ngayo.

Iqiniso elimsulwa ukuthi akakho noyedwa umuntu emhlabeni ongenaso isono, ngokuba akekho ophelile njengoba uNkulunkulu ephelile. Ngenxa yokuthi sonke siyona, sonke sizocina sikile ekufeni. Ukufa kuyinkokhela yesono esisenzayo.

Isono sethu singaletha ukufa ngokuphuthuma sisebasha okanye sikulethe ukufa ngokungasheshi sesiphile isikhathi eside. Ayikho indlela yomuntu owonile ukuba aphunyule ekufeni. Ilapho sibhekana khona nokushonelwa abasondelene nathi lapho siqala khona ukubona ukujula bokona kwabantu, kanye nokwethu uqobo ukona. Isono sihleze siletha ukufa. Kuwona wonke umuntu owonile, ukufa ikona okufanele kube inkokhelo.

Icala nentethelelo

Isizathu esenza ukuthi wonke umuntu owonayo ngelinye ilanga kuyomela afe, yingoba isono senze sibe necala phambi kukuNkulunkulu. Yonke imicabango enesono, sonkei senzo esinesono, lonke izwi elinesono, kwenza sibe necala phambi kukaNkulunkulu. UNkulunkulu ungcwele futhi ulungile, futhi uhlanzeke kakhulu ukuthi engabuka isono sethu aqede angenzi lutho ngaso.

Wena omehlo akho ahlambulukile ukuba ungaboni okubi ongenakubheka ukuhlanekezela (Habakuki 1:13)

Njalo uma sona, kufanele sizizwe sinecala. Ukuzizwa sinecala indlela uNkulunkulu asikhumbuza ngayo ukuthi sonile nokuthi sidinga intethelelo. Ayikho indlela yokususa icala, ngaphandle kokuthethelelwa ilabo esisuke sibonile. Ingakho

uNkulunkulu esitshela ukuthi sivume izono zethu komunye nomunye siphinde futhi siphende kuzona kuyena uNkulunkulu. Ukuphenduka kusho ukuzizwa kabi ngempela ngesono, ukuvumelana nokuhlulelwa okukufanele, ucele ukuhawukelwa, bese uyayeka isono sakho, wenze okulungile endaweni yaso.

Ebhayibhelini uNkulunkulu uyasitshela, ukuthi uma siphenduka sivuma izono zethu kuyena, Yena uyohlezi ezithethelela izono zethu. Ngokuphindiwe eBhayi-bhelini, uNkulunkulu uyasikhumbuza ukuthi uphelele, ungcwele, ulungile, nokuthi futhi uyahawukela, unomusa, uyasibekezelela futhi ugcwele uthando.

Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi. (1 Johane 1:9)

Ngokuba inkokhela yeso ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu (KwabaseRoma 6:23)

Uma uNkulunkulu esixolela izono, ususa icala lethu, asitshengise ukusizwela. Njengesipho ezonini eziphendukayo, uNkulunkulu ubanikezile ukuphila okungunaphakade. Akunandaba ukuthi ucabanga ulunge kanjani, noma ngabe umubi kanjani, uyisoni esidinga intethelelo

kaNkulunkulu. Uthola intethelelo uma uvuma ukuthi wonile, uma wazi ukuthi ufanele ukufa, bese uyamncenga uNkulunkulu ukuba akuhawukele.

Emva kwalokho, sewungathokoza esibusisweni sokuthethelelwa, sewungaqhubeka kulokhukuphila unosizo lukaNkulunkulu, bese utshela abanye ukuthi iNkosi ibe nomusa kangakanani kuwena!

Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso Yakho, ungiyiphase ngomoya ovumayo. Khona ngiyakufundisa abaphambukayo izindlela zakho nezoni ziyakuphendukela kuwe (Ihubo 51:12-13)

UNkulunkulu ukunikezele ithuba lokuthi ufunde ngesono nokufa, ngecala nokuthethelelwa. Ukhulumile kakhulu futhi ngakho eBhayibhelini, okuyiLizwi Lakhe kubantu. UNkulunkulu ubasindisile futhi nabanye ezonweni zabo, babizwa ngokuthi iBandla Lakhe. Funda iBhayibheli lakho ukuze umazi kancono uNkulunkulu, uhlanganyela uhlanganyele neBandla Lakhe ukuze umdumise nezinye izoni ezithetheleliwe.